



HLALA UGXILE

KWEZOKUPHEPHA EMGWAQWENI PHAKATHI NESIKHATHI SAMAHOLIDE ASEHLOBO

Abantu abaningi bayashona emigwaqweni phakathi nesikhathi samaholide ehlobo.

Khumbula ukuthi umndeni kanye nabangani bakho bakulindele lapho uya khona lapho uthatha uhambo phakathi nesikhathi samaholide asehlobo.

Nanoma izinto eziningi ezenzeka emgwaqweni zingaphezu kwamandla ethu, kunezinto esingazenza ukuze siqinisekise ukuthi sifika lapho siya khona ngokuphepha.

Uma uhamba ngemoto yakho, khumbula:



Qiniseka ukuthi imoto yakho ifanele ukuba semgwaqweni*



Thobela imithetho yomgwaqo



Faka ibhande lakho lesihlalo



Ungaweqi umkhawulo wejubane



Gcina ibanga lokulandelana kwezimoto eliphephile



Ungaphuzi uphuzo oludakayo bese ushayela



Yiba nesineke futhi ungazifaki engozini



Ungaphazanyiswa ifoni yakho ngenkathi ushayela

* Bheka amalambu, amabhuleki, amathayi, uwoyela kanye nama-wiper wesikrini sangaphambili

Njalo #Khumbula'ekhaya

Abantu obathandayo futhi obanakekelayo bancike KUKHO.

#Khumbul'ekhaya